

NALIBALI

Ukuphela konyaka sekuseduze!

Ungaka wesikole usuyaphela kanti kungekudala sekuzoba yisikhathi sonyaka lapho iningi lethu lizochitha khona isikhathi esiningi kunesijwayelekile nemindeneni nabangani. Yisikhathi salelo khefu ekade sililindle lokuphela konyaka. Leso sikhathi sonyaka lapho sike sehlice isivini kancane, sinethezeke nje, sichithe isikhathi senza izinto eziningi esizijabulelayo.



The end of the year is near!

The school year is almost over and soon it will be that time of year when most of us are able to spend more time than usual with family and friends. It's time for that long-awaited end-of-year break. That time of year when we can all slow down a bit, relax and spend time doing more of the things we enjoy.

Khuthaza izingane zakho ukuba zifunde

Siyathemba-ke ukuthi enye yalezi zinto ozithokozelayo ukufunda! Ngisho noma ungatholi isikhathi esingakanani sokufunda onyakeni wonke, amaholide kaZibandlela akunikeza ithuba elanele lokuchitha isikhathi esiningi ufunda incwadi eyodwa noma ezimbili ezimnandi. Okungaphezu kwalokhu ukuthi ngenkathi ufunda, uzoba yisibonelo esihle ezinganeni zakho!

Lapho izingane zakho zikubona uphumula nencwadi, zifunda ukuthi ukufunda okubhaliwe kuyinto oyezela ukuzithokozisa. Zifunda ukuthi ukufunda kuyinto engase yenzelwe ukuziphumulela nje. Ngakho-ke, ngaphandle kokukuzama lokhu, uyisibonelo esihle esinamandla sokufunda ezinganeni zakho, uyazisiza ukuthi zibe abafundi impilo yazo yonke.



Motivate your children to read

Hopefully, one of things you enjoy doing is reading! Even if you don't get much time to read during the rest of the year, the December holiday offers a great opportunity to spend time with a good book or two. What's more, as you read, you'll be providing a positive example for your children!

When your children see you relaxing with a book, they learn that reading is something you do for pleasure. They learn that reading is something that can be done for leisure. And so, without even trying to, you are being a powerful reading role model for your children and helping them to become lifelong readers.

Noma ngabe wenzani futhi noma ngabe ukuphi ngalesi sikhathi samaholide, phumula, ube neholidi elimnandi eligcwele izindaba ezihlabahlosile!



Whatever you do and wherever you will be this holiday season, relax and have a fabulous, story-filled holiday!

Bungaza ngezindaba!

Kuvame ukuba kubuye kube nemigubho eminingi ngalesi sikhathi sonyaka. Njengabantu abadala, kunezikhathi lapho sikhumbula emuva ukuthi le migubho sasiyibuka kanjani thina siseyizingane. Lokho kusho ukuthi sinezindaba esingazixoxa! Uke wakucabanga nje ukuxoxela izingane zakho lezi zindaba ezimayelana nesikhathi sakho ukhula? Izindaba zizisiza ukuba zithuthukise indlela yokuzakhela izithombe emqondweni nokuzidalela okobuciko. Zizisiza ukuba zithuthukise ulimi lwazo kanye nendlela yokucabanga. Futhi, ukwabelana ngezindaba zasekukhuleni kwakho, kusiza ukuxhumanisa izizukulwane zomndeneni wakho. Lezi zindaba zinikeza izingane umuzwa wemvelaphi yazo kanye nalapho esezikhona.



Celebrate with stories!

Often there are also a lot of celebrations around this time of the year. There are times when we as adults think back to how we experienced these celebrations as children. That means that we have stories to tell! Have you ever thought about sharing these stories about your childhood with your children? Stories help them to develop their imagination and creativity. They help them to develop their language and thinking. And sharing the stories of your childhood helps to connect the generations of your family. These stories give children a sense of where they come from and who they are.

Sizothatha ikhefu kuze kube uNhlolanja 2025. Sijoyine ngaleso sikhathi ukuze uthole okufundwayo okwengeziwe okuhlabahlosile kweNalibali! Okwamanje, vakashela ku-www.nalibali.org ukuze uthole ezinye izindaba kanye nokukuvusa usinga kokufundela ukuzithokozisa.

We will be taking a break until February 2025. Join us then for more Nalibali reading magic! In the meantime, visit www.nalibali.org to find stories and reading-for-enjoyment inspiration.



Drive your imagination



IT STARTS WITH A STORY.
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

Izimbewu Zokufunda Nokubhala!

Ukufundela abantwana nojahidada (iminyaka 0-3)

Literacy Seeds!

Reading to babies and toddlers (aged 0-3 years)



Mzali othandekayo nabanakekeli bezingane, ingabe ucabanga ukuthi umntanakho ubengafunda ukukhuluma ukube bekungekho muntu owake wakhuluma naye? Abantwana bafunda ukukhuluma ngenxa yokuthi abantu abadala bakhuluma nabo. Ukufunda ukufunda nokubhala kufundwa ngezindlela ezifanayo, ngoba njengokulalela nokukhuluma, nakho kuyingxenye yokuthuthuka kolimi.

Ukufundela umntanakho kumnika namanye amathuba okuthuthukisa ulimi olukhulunywayo, futhi uqala nenkambo yakhe yokufunda, afunde ukuthi iyini injongo yezincwadi nokuthi yini esingayenza ngazo.



Dear parents and caregivers of young children, do you think your baby would learn to speak if no one ever spoke to him or her? Babies learn to talk because older people talk to them. Learning to read and write are learnt in similar ways, because like listening and speaking, they are also part of language development. Reading to your baby offers her other opportunities to develop oral language, and she also starts her reading adventure, learning what books are about and what we can do with them.



Ingabe kuyakufanelekela ukuchitha isikhathi sami kukho?

Is it worth my time?

Ukufunda izincwadi nabantwana:

- * kuyanisiza ukuba nibe munye.
- * kuthuthukisa amakhono abo olimi.
- * kukhuthaza intuthuko yabo yokuqaphela izinto.

Sharing books with babies:


- * helps you bond with each other.
- * develops their language skills.
- * stimulates their cognitive development.

Izincwadi ezikahle kakhulu zeminyaka yobudala obuhlukahlukene

Kusukela cishe ezinyangeni eziyisithupha umntanakho angase ajabulele izincwadi ezinezingoma nemilolozelo.

Lapho sebenezinyanga eziyisishiyagalolunye abantwana abaningi bajabulela izincwadi ezipheqekayo, ezinezinto eziphumayo zime, kanye namabathini enza umsindo lapho uwacindezela. Cishe uzoqaphela ukuthi umntanakho useqala ukunaka kakhulu lokho okwenzekayo encwadini. Isibonelo, angase akhombe izinto ezisekhasini noma azame ukuphenya ikhasi.

Phakathi nonyaka wokuqala nowesithathu ikhono labantwana nelojahidada lokuqonda nokusebenzisa ulimi liyanda kakhulu. Kubukeka ngathi bajabulela zonke izincwadi kusukela ezincwadini zabo zokuqala zezithombe kanye nalezo ezinezindaba. Qhubeka ubekela eceleni isikhathi esikhethekile usuku ngalunye ukuze ufunde nengane yakho, ukhethe izincwadi ezihlukahlukene.



Best books at different ages

From about six months your baby may enjoy books that have songs and rhymes in them.

By about nine months many babies enjoy books with flaps, pop-ups and buttons that make sounds when you



press them. You'll probably notice that your baby begins to engage more with what is going on in the book. For example, she might point to things on the page or try to turn a page.



Between one and three years babies' and toddlers' ability to understand and use language increases dramatically.

They seem to enjoy all the books from their first picture books as well as ones that have stories.

Continue to set aside a special time each day to read with your child, choosing a wider variety of books.



Drive your imagination

Amasu ayi-10 okufunda nomntanakho

- * Kuhle ukukhethela abantwana abancane kakhulu izincwadi ezinezithombe ezilula ezingafani (njengezinombala omhlophe nomnyama) noma izithombe ezinobuso babantwana.
- * Funda incwadi eyodwa uyiphindaphinde kaningi. Ukuphindaphinda nenqubo efanayo kwenza abantwana abancane bazizwe belondekile!
- * Ungase usho nezinto ezihlukahlukene kunalezo ezibhalwe ekhasini uma nje wena nomntanakho nikujabulela enikwenzayo ngencwadi.
- * Kulula kakhulu ukubeka umntanakho ethangeni lakho ancike kuwe ngomhlane bese ubamba incwadi phambi kwakhe.
- * Ungakhohlwa ukunaka umntanakho njengoba ufunda. Ukumqabula nokumshushuzela phakathi nesikhathi sokufunda incwadi kuyasiza ukumbonisa ukuthi ukufunda kuhlanguka kahle kanjani nezincwadi.
- * Mfundele amagama kodwa futhi khuluma nangalokho okusezithombeni. Yisho ezinye zezinto nemibala.
- * Yenza nemisindo eminingi emnandi – isibonelo, 'muuu' lapho ubuka isithombe senkomazi. Abantwana bayathanda ukuzwa imisindo ehlukahlukene!
- * Lapho nje umntanakho esekwazi ukuhlala, ungethula izincwadi umntanakho angase azisebenzise yena ngokwakhe. Izincwadi ezenziwe ngoqwebembe nezendwangu zingase zihlafunwe, zidonswe, zimbambathwe futhi zishaywe zingahlephuki!
- * Khetha izindaba ezithile ezikhuluma ngezingane kanye nezikhuluma ngomndeni nangempilo yansuku zonke. Sebenzisa nezincwadi ezingenamagama. Khuluma ngezithombe nengane yakho futhi uqambe eyakho indaba.
- * Njengoba ufunda incwadi, donsela ukunaka kwengane yakho entweni ethile futhi ubuze imibuzo elula njengokuthi 'Ubani lowo?', 'Ukuphi?' nokuthi 'Yini leyo?'



10 tips for reading with your baby

- * It's good to choose books for very young babies that have simple pictures with strong contrasts (like black and white) or photographs of babies' faces.
- * Read the same book over and over again. Repetition and routine make young babies feel secure!
- * You can also say different things than what is written on the page as long as you and your baby are enjoying yourselves with the book.
- * It's easiest to put your baby on your lap with her back against you and to hold the book in front of her.
- * Don't forget to give your baby some attention while you read. A kiss and a cuddle during book-sharing time helps to build a positive association with reading and books.
- * Read the words to her but also talk about what is in the pictures. Name some of the objects and colours.
- * Make lots of interesting sounds too – for example, 'moo' when you look at a picture of a cow. Babies love to hear different sounds!
- * As soon as your baby can sit, you may introduce books that can be used by your baby on her own. Board and fabric books can be chewed, pulled, patted and bashed without breaking!
- * Choose some stories that have other children in them as well as ones that are about family and everyday experiences. Use wordless books too. Talk about the pictures with your child and make up your own story.
- * As you read a book, draw your child's attention to something and ask simple questions like 'Who is that?', 'Where is he?' and 'What is that?'



Indlela yokusebenzisa izindaba zethu ngezindlela ezihlukahlukene

1. **Xoxela ingane yakho indaba.** Funda futhi ulungiselele ukuxoxa indaba. Bese usebenzisa izwi lakho, ubuso nomzimba ukwenza indaba iphile.
2. **Fundela ingane yakho indaba.** Xoxa ngemifanekiso. Buza, "Ucabanga ukuthi kwenzekani ngokulandelayo?" noma "Ucabanga ukuthi kungani umlingiswa esho noma enze lokho?"
3. **Funda indaba nengane yakho.** Fundani indaba ndawonye ngokushintshana. Ungawalungisi amaphutha azo, futhi nikeza usizo kuphela uma zikucela.
4. **Lalela ingane yakho ifunda.** Lalela ungaphazamisi. Yisho ukuthi uyakujabulela ukuzizwa zikufundela ngokuzwakalayo.
5. **Dlalani imidlalo ethi Yenza indaba ihlabe umxhwele!** Lokhu kufanele kujabulise kuwe nasenganeni yakho.

How to use our stories in different ways

1. **Tell the story to your child.** Read and practise telling the story. Then use your voice, face and body to bring the story to life.
2. **Read the story to your child.** Talk about the pictures. Ask, "What do you think happens next?" or "Why do you think the character said or did that?"
3. **Read the story with your child.** Take turns to read the story together. Don't correct their mistakes, and only help if they ask for it.
4. **Listen to your child read.** Listen without interrupting. Say that you enjoy hearing them read aloud to you.
5. **Do the Get story active! activities.** This should be fun for you and your child.



ISiyafunda Community Learning Hub Programme

iyaqala kuMasipala Wendawo WaseMsunduzi



The Siyafunda Community Learning Hub Programme

kicks off in Msunduzi Local Municipality



Kusukela ngoMasingana ka-2024, iNal'ibali ibilokhu ihola uhlelo lwentuthuko lwe-ECD lweminyaka emibili olubizwa ngokuthi yiSiyafunda Community Learning Hub Programme oluphela ngoMasingana ka-2026. Sikanye neMacMillan Education, Mikhulu Trust, the Sunshine Association, the Library Services kanye nabaphathi bakaMasipala Wendawo WaseMsunduzi, lolu hlelo luye lwahlizekwa ezindaweni eziyisihlanu zikaMasipala Wendawo WaseMsunduzi.

Lezindawo gilezi:

1. Edendale
2. Northern & Central Areas
3. Imbali
4. Vulindlela South
5. Vulindlela North



Abahlomulayo nababambiqhaza balalele ngokucophelela emcimbinini okuthiwa yiVulindlela North Stakeholder Engagement Event.

Beneficiaries and stakeholders listen attentively at the Vulindlela North Stakeholder Engagement Event.

Since January 2024, Nal'ibali has been leading a two-year ECD development programme called the Siyafunda Community Learning Hub Programme, ending in January 2026. Together with MacMillan Education, Mikhulu Trust, the

Sunshine Association, the Library Services and management of the Msunduzi Local Municipality, this programme has been delivered within five areas of the Msunduzi Local Municipality. These areas are:

1. Edendale
2. Northern & Central Areas
3. Imbali
4. Vulindlela South
5. Vulindlela North



Abasebenzi beNal'ibali bahola izingane engomeni evuthayo emcimbinini wokusabalalisa izincwadi ngoSuku LukaMandela eNyakazani Creche kwaDeda naseBantu Day Care kwaMagwenyane eVulindlela North.

Nal'ibali staff lead the children in a spirited song at the book distribution event on Mandela Day at Nyakazani Creche kwaDeda and Bantu Day Care kwaMagwenyane in Vulindlela North.

AmaSiyafunda Community Learning Hub axhaswe ngezimali yi-USAID



The Siyafunda Community Learning Hub Programme is funded by USAID

Ngalolu hlelo sisebenza nabasebenzi be-ECD abangama-350 nabazali nabanakekeli bezingane abangama-800. Loluhlelo luhloselwe:

- ☉ ukusekela nokuqinisa ukufundiswa ukufunda nokubhala kwezingane kusukela zizincane zineminyaka ephakathi kuka-0-6 ezingakwazi kahle ukuthola izikhungo namasevisi e-ECD asemthethweni.
 - ☉ ukusiza ukwandisa nokuthuthukisa ukufunda ukufunda nokubhala nokufunda ulimi ngokwenza imidlalo.
 - ☉ ukusiza ukuthuthukisa amakhono ezingane okunyakaza ngokusebenzisa imisipha emikhulu yomzimba ukuzilungiselela isikole.
 - ☉ ukuqinisekisa ukuthi lolu hlelo luba ngolwezinhloko zomphakathi endaweni ngayinye.
 - ☉ ukuhlizeka ababambiqhaza ngezincwadi, izithasiselo ezinezilimi ezimbili zeNal'ibali kanye nezinto zokudlala zokusekela ukufunda kwezingane.
- Ukuqeqeshwa kwabazali nabasebenzi be-ECD sekuqalile ezikhungweni futhi kunesasasa elikhulu njengoba bebona lolu hlelo lubazuzisa ngokubanika amakhono okuthuthukisa imfundo yezingane zabo kusukela zisencane.

Imicimbi yokugubha uSuku LukaMandela

INal'ibali nayo yafaka isandla emicimbinini yokugubha uSuku LukaMandela ngokunikela ngezincwadi ezingama-67 eziKhungweni ze-ECD ezimbili zendawo eVulindlela North.

Through the programme, we are working with 350 ECD practitioners and 800 parents and caregivers. The programme aims to:

- ☉ support and strengthen early childhood literacy for children between 0-6 years who have limited access to formal ECD facilities and services.
- ☉ help to increase and improve early literacy and language learning through play-based activities.
- ☉ help to develop children's gross motor skills to prepare them for school.
- ☉ to ensure that the programme is owned by the community structures within each area.
- ☉ supply participants with books, Nal'ibali bilingual supplements and play kit resources to support children's learning.

The training of parents and ECD practitioners has started in the hubs, and there is a lot of excitement as they see the programme benefitting them with skills to improve their children's early learning.


Mandela Day celebrations

Nal'ibali also contributed to Mandela Day celebrations by donating 67 books to two local ECD Centres in Vulindlela North.

Yandisa ilayibrari yakho.

Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi- **5** ukuya kwele- **12** alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi **5**, **6**, **11** kanye nele- **12** lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi **7**, **8**, **9** kanye nele- **10** lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Grow your own library.

Create **TWO** cut-out-and-keep books

1. Take out pages **5** to **12** of this supplement.
2. The sheet with pages **5**, **6**, **11** and **12** on it makes up one book. The sheet with pages **7**, **8**, **9** and **10** on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Drive your imagination



UNkomo wangena endlini!

iyakho yetiye.”

“Ngena, Nkomo,” kusho uSikhukhukazi. “Nayi inkomishi kwasiSikhukhukazi. “Sawubona, Sikhukhukazi,” kusho uNkomo. UNkomo wangqongqoza emnyango wangaphambili!

Cow walked into the house.

“Come in, Cow,” said Hen. “Here’s your cup of tea.”

said Cow.

Cow knocked on Hen’s front door. “Hello, Hen,”

Then Donkey walked in. Sheep walked in too. Pig

followed Sheep.

Hen felt very worried when she saw all the animals.


Kwalandela uMbongolo. NoMvu ngokunjalo wangena.

UNgulube walandela ngemva kukaMvu.

USikhukhukazi wakhathezeka kakhulu ngenkathi!

ebona zonke izilwane.

Hen’s tea party



Idili letiye likaSikhukhukazi

Lethogonolo I Riba • Manu Kongolo

Ideas to talk about: Have you ever been to a tea party? Who hosted the party? What do you think should be eaten at a tea party?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Wake waya yini edilini letiye? Nanimenywe ubani? Yini ocabanga ukuthi kufanele idliwe edilini letiye?

Hen makes the best tea on the farm. When Hen invites Cow over for a cup of tea, she ends up with many more guests than expected!

This story was specially created for Nal’ibali to spark children’s potential through storytelling and reading for enjoyment.



Akekho owayenza itiye elimnandi ukudlula elikaSikhukhukazi epulazini. Ngenkathi uSikhukhukazi emema uNkomo ukuba bazoziphuzela itiye ndawonye, ugcina esenezivakashi eziningi ukwedlula abekulindle!

Le ndaba yenzelwa iNal’ibali ngokukhethekile ukuze kuvele amakhono ezingane ngokusebenzisa ukuxoxa nokufundela ukuzijabulisa.

Get story active!

- ★ Draw a picture of a tea party with your friends. Look at old magazines or newspapers and cut out pictures of the food and drinks at your party. Paste the pictures on your drawing.
- ★ Play a memory game. Find pictures of all the animals in the story. Read the story again. Then, without looking at the story, arrange the animals in the order that they appear in the story.
- ★ Use clay or play dough to make models of the animals in the story. Retell the story using the models to act out their parts.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Dwebisa isithombe sedili letiye ukanye nabangani bakho. Bheka kumaphephabhuku amadala namaphephandaba futhi usike ukhiphe izithombe zokudla neziphuzo ezisedilini lakho. Namathisela lezi zithombe kumdwebo wakho.
- ★ Dlalani umdlalo wenkumbulo. Tholani izithombe zazo zonke izilwane ezisendabeni. Phindani niyifunde indaba. Bese, ngaphandle kokubheka indaba, hlelani izilwane ngokulandelana ezivela ngakho endabeni.
- ★ Sebenzisani ubumba noma inhlama yokudlala ukwenza opopayi bezilwane ezisendabeni. Yixoxeni kabusha le ndaba nisebenzisa labo popayi ukuze nilingise izindima zabo.

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org.



UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org.



Drive your
imagination


On the way to Hen's house, they met Pig.
 "Hello, Cow. Hello, Donkey. Hello, Sheep.
 Where are you going?" asked Pig.
 "We are going to Hen for a cup of tea,"
 said Cow.
 "May I come too? Hen makes the best tea on
 this farm," said Pig.
 "Yes, you may come," said Cow. "I'm sure
 Hen won't mind."
 "Yay! Let's go!" said Donkey, Sheep and Pig.
 Endleleni eya kwasikhukhukazi, bahlangana
 noNgulube.
 "Sawubona, Nkomo. Sawubona, Mbongolo.
 Sawubona, nawe Mvu. Niyaphi?" kubuza uNgulube.
 "Siya kwasikhukhukazi siyophuza itiyi," kusho
 uNkomo.
 "Ngingeza nami? USikhukhukazi wenza itiyi
 elingefaniswe lapha kuleli pulazi," kusho uNgulube.
 "Yebo, ungenza," kusho uNkomo. "Ngingesiqiniseko
 sokuthi USikhukhukazi ngeke abe nenkinga nalokho."
 "Nazo-ke! Asambeni!" kusho uMbongolo, uMvu
 noNgulube.

10



Oh dear! I don't have enough milk to
 make tea for all the animals.


Hawu bantwi Angindlo ubisi olwanele
 ukwenzela zonke lezi zilwane itiyi.



And I don't have
 enough teabags.

Kanti anginazo izinkambi
 zetiye ezanele.

Hen lived on a big farm where all the animals
 were friends.
 She made the best tea on the farm.
 One day, Hen invited Cow to her house for a cup
 of tea.
 On the way to Hen's house, Cow met Donkey.
 "Hello, Cow. Where are you going?" asked Donkey.
 "I am going to Hen for a cup of tea," said Cow.
 "May I come too? Hen makes the best tea on this
 farm," said Donkey.
 "Yes, you may come," said Cow.
 "I'm sure Hen won't mind."
 "Yay! Let's go!"
 said Donkey.



kwathi lapho umbhejane lo usunamagama ayikhulu kuwo noJoseph eseyikhekheka, kwaba khona umlilo wamadlalo oawubhebehekiswa umoya omkhulu, owabeka umuzi engozini. Amadoda azama ukucima amalangabi ngesikhathi abafazi bethatha zonke izingane kanye nabantu abadla beyobabeka endaweni ephaphile. Bathathwa bonke ngaphandle kukaJoseph, kwase kwedlule isikhathi lapho befinjela kuye. Ukushona kwakhe kwaphatha kabini wonke umuntu.



When the cradle had a hundred names on it and Joseph was an old man, a wild fire that was driven by terrific winds threatened the village. The men bottled the flames while the women got all the children and the elderly to safety. All but Joseph. It was too late by the time they reached him. His death touched everyone.

When the old yellowwood tree is blown down, Joseph carves a beautiful cradle from it for his new baby daughter, Sisi. The cradle passes from baby to baby in their village, and each baby's name is carved on its sides. Then a fire sweeps through the village and kills Joseph. Years later, when Sisi is expecting her first grandchild, she looks for the cradle, but can't find it. She fears that it has also been destroyed ... but she's in for a wonderful surprise.

Lapho kwephuka isihlahla esidala somsonji, uJoseph ubaza umbhejane wokushushuzela ingane womntwana wakhe osanda kuzalwa, uSisi. Umbhejane wokushushuzela umntwana usuka kule ngane uye kwelandelayo emuzini, bese kuqoshwa igama lengane ngayinye ezinhlangathini zombhede. Umlilo ushisa konke emuzini, ubulale noJoseph. Ekuhambeni kweminyaka ngesikhathi uSisi elindele ukufika komzukululo wakhe wokuqala, ubheka umbhejane wokushushuzela ingane yonke indawo, kodwa akawutholi. Uba novalo lokuthi nawo washa ... kodwa kukhona angakulindele okuzokwenzeka.

Get story active!

- ★ Look at the illustrations more closely:
 - ☆ Pages 6 and 7: Can you see Sisi? What is she doing? Can you see where her mother and father are? What are they doing?
 - ☆ Pages 8 and 9: What can you see in this picture?
 - ☆ Pages 12 and 13: Do you think the people in the village are happy to have the cradle back? How can you tell? Can you see all the names on the cradle?
- ★ Use paper and sticky tape to make a cradle and a baby to put inside it. Use the cradle and baby to tell your own story.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Yibhekisise kahle imifanekiso:
 - ☆ Ikhasi le-6 nele-7: Ngabe uyabona uSisi? Wenzani? Ngabe uyabona yini ukuthi ukuphi umama nobaba wakhe? Benzani?
 - ☆ Ikhasi le-8 nele-9: Ngabe ubonani kulesi sithombe?
 - ☆ Ikhasi le-12 nele-13: Ngabe ucabanga ukuthi abantu basemuzini bayakuthokozela ukubuya kombhejane wokushushuzela ingane? Ubona ngani? Ngabe uyawabona wonke amagama asembhejaneni wokushushuzela ingane?
- ★ Sebenzisa iphepha netheyiphu ukwenza umbhejane wokushushuzela ingane kanye nomntwana ozomfaka phakathi. Sebenzisa umbhejane wokushushuzela ingane kanye nomntwana ukuze uxoxe eyakho indaba.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org.



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininigwane, vakashela ku-www.nalibali.org.



Drive your
imagination

Joseph's cradle



Umbhejane kaJoseph wokushushuzela ingane

Jude Daly • Magriet Brink

Ideas to talk about: What do you think happens in this story? Do the people you know who have babies use a cradle for the baby to sleep in? Where else do people place their babies when the babies sleep?


Imibono okungaxoxwa ngayo: Yini ocabanga ukuthi iyenzeka kule ndaba? Ingabe abantu obaziyo abanabantwana basebenzisa umbhejane wokushushuzela ingane ukulalisa umntwana kuyo? Yiziphi ezinye izindawo abantu ababeka kuzo abantababo lapho belala?

Usana ngalunge oluzelwe kulo muzi lwaliliswa embhejane! kaJoseph. Ngokukhulu ukucophelela, wayengeza igama losana ohlwini olukhulayo oluqoshwe emaceleni awo.



Njengoba badenza abantu bonke emuzini lo, Sisi wachitha isikhathi sakhe kabusha, elungisa futhi esusa ukungcola ngenxa komlilo. Ngakho kwedlula isikhathi eside ngaphambi kokuba acabange ngombhejane kaJise. Ngabe ukuphi? Ngabe uyasetshenziswa? Kodwa kwakungekho muntu owawukuye emzini lowo. Okwakudabukisa ukuthi kwakungezeka ukuthi nawo wawushe emililweni. Umzukulu kasisi, owayezozalwa ngenyanga egcwele elandelayo, wayengeke esalida kuwo.

Like the rest of the village, Sisi spent her time rebuilding, fixing and cleaning up after the fire. So it was a while before she thought of her father's cradle. Where was it? Was it being used? But no one in the village had it. Sadly, it too must have been lost to the fire. Now Sisi's grandchild, due by the next full moon, would never sleep in it.



Shortly before Sisi was born, a terrific wind brought down the old yellowwood tree that had, it seemed, stood in the village forever. The loss was felt by everyone. Never again would children swing from its branches and never again would people find shelter from the hot sun in its dappled shade.



Kodwa, emzini ababakhele ne nawa, indodana kaThemba encane yayikhulula ngamandla. Yayingasene! embhejani! uThemba ayeke wadala kuwo. Ngakho, wayishushuzela indodana yakhe yalala kuwo okokugcina. Wayemsize uJoseph ngokumvumela ukuthi athathe umbhejani lowo awususe kulo muzi. Manje kwase kuyisikhathi! sokwubuyisela emuva.

But, in a neighbouring village, Themba's baby son was growing fast. Already he had outgrown the very cradle that Themba had once slept in. So, for the last time, he rocked his son to sleep in it. It had been kind of Joseph to let him take the cradle out of the village. Now it was time to take it back.





That night Sisi stood and watched as an almost full moon rose high in the sky. Soon a newborn baby, Joseph's first great-grandchild, would be rocked to an African lullaby in a beautiful yellowwood cradle. "Thula thula, Thula baba, Thula sana."

Ngalobo busuku uSisi wama wabuka ngesikhathi inyanga eyayisicishe igwale iphakama esibhakabhakeni. Esikhathini esingengakanani umntwana ojisizukulu sokuqala sikaJoseph, wayezoshushuzelwa ngomlozelo wase-Afrika kulowo mbhejani omuhle owenziwe ngomsonti. "Thula thula, Thula mntwana, Thula sana."

Kungekudidi, uSisi wakhulula wangqabe esenela kulo mbhejani, wase udliliselwa kumakhelewane owayezowusebenzisa usana lwakhe. Kwaba ukugqala kwenqubo eyayisizolandelwa.

All too soon, Sisi outgrew the cradle, and it was passed to a neighbour for his newborn baby. A tradition had begun. Each newborn baby in the village slept in Joseph's cradle. Then, with great care, he would add their name to the growing list carved on its sides.



Lapho sekusele izinsuku ezimbalwa ngaphambi kokuba kuzalwe uSisi, isiphepho esikhulu sawisa isihlahla esidala somsonti, okwakungathi, sase sime emzini lowo kusukela endulo. Ukulahlekelwa okunje bakuzwa bonke abantu. Izingane zazingeke ziphinde zishwibeke emagatsheni aso kanti nabantu babengeke besahlala ngaphansi komthunzi waso omahwalahwala.

Lapho esezelwe uSisi, kwakuyilo mbhejana lapho ayelaliswa khona, ashushuzelwe ukuze alale umntwana, Thula sanda”;





And when Sisi was born, it was in this cradle that she was rocked to an African lullaby, “Thula thula, Thula baba, Thula sanda.”

But Sisi’s father, Joseph, was determined that the old tree should not be forgotten and so he set about carving a cradle from its beautiful wood.

Kodwa uyise kaSisi, uJoseph, wayezimisele ngokuthi abantu bangakhohlwa yilesi sihlahla esidala, ngakho wabaza umbhejana wokushushuzela umntwana ngokhuni kwaso oluhle.



The next day, to the sounds of ululating and the stamping of feet, Themba returned the cradle to the village, and to Sisi. On its sides, there were now a hundred and one babies’ names, and on the headboard, carved with great care, just one name ... Joseph.



Ngakusasa, kwakizwa nabantu bagida, lapho uThemba ebuyisela umbhejana lo kulo muzi nakuSisi. Ezihlangothini zawo, kwase kukhona amagama abantwana ayikhulu nomuvo, kanti ngasekhanda lawo kwakuqoshwe ngokucophelela, igama elilodwa nje kuphela ... elithi Joseph.



Then they also brought teaspoons and plates ... and biscuits and cake to put on the plates. "Oh dear! Now there's too much of everything!" said Hen. "Let's have a tea party!" said Cow. So Hen made tea for all the animals and they had the best tea party!

Nezinye izilwane zagijima zaqonda emakhaya ziyolanda amathisipuni namapuleti ... namakhekhe azobekwa emapuleti. "Hawu bakithi! Manje sekungaphezu kwamandla ami!" kusho uSikhukhukazi. "Asenzeni idili letiye!" kusho uNkomo. Ngakho-ke uSikhukhukazi wenzela zonke izilwane itiye futhi zaba nedili letiye eliminandi kakhulu ukwedlula noma yiliphi elake laba khona.




USikhukhukazi wayehlala epulazini elikhulu lapho zonke izilwane zazingabangani khona. Akekho owayenza itiye eliminandi ukudlula elakhe epulazini. Ngolunye usuku, uSikhukhukazi wamema uNkomo ukuba azophuza naye itiye. Endleleni eya kwaSikhukhukazi, uNkomo wahlangana noMbongolo. "Sawubona, Nkomo. Uyaphi?" kubuza uMbongolo. "Ngiya kwaSikhukhukazi ngiyophuza itiye," kusho uNkomo. "Ngingeza nami? USikhukhukazi wenza itiye elingefaniswe lapha kuleli pulazi," kusho uMbongolo. "Yebo, ungeza," kusho uNkomo. "Nginesiqiniseko sokuthi uSikhukhukazi ngeke abe nenkinga nalokho." "Awuzwe-ke! Asambe!" kusho uMbongolo.



Endleleni eya kwasiikhukhukazi, bahlangana noMvu.
 "Sawubona, Nkomo. Sawubona, nawe Mbongolo.
 Niqaphi?" kubuza uMvu.
 "Siya kwasiikhukhukazi siyophuza itige," kusho
 uNkomo.
 "Ngingeza nami? USikhukhukazi wenza itige
 elingefaniswe lapha kuleli pulazi," kusho uMvu.
 "Yebo, ungenza," kusho uNkomo. "Nginesiqiniseko
 sokuthi usikhukhukazi ngeke abe nenkinga ndlokho."
 "Usho entshweni! Asambe!" kusho uMbongolo noMvu.

On the way to Hen's house, they met Sheep.
 "Hello, Cow. Hello, Donkey. Where are you
 going?" asked Sheep.
 "We are going to Hen for a cup of tea,"
 said Cow.
 "May I come too? Hen makes the best tea on
 this farm," said Sheep.
 "Yes, you may come," said Cow. "I'm sure Hen
 won't mind."
 "Yay! Let's go!" said Donkey and Sheep.



Amalungelo ayi-12 engane

12 rights of the child



I-Ningizimu Afrika igubha uSuku Lwezingane Lukazwelonke ngoMgqibelo wokuqala kuLwezi.

South Africa celebrates National Children's Day on the first Saturday in November.

Zonke izingane zinalamalungelo, kungakhathaliseki ukuthi zingobani, bangobani abazali noma imindenani yazo nokuthi yini eziyikholelwayo noma eziyenzayo. Akukho ngane okufanele iphathwe ngokungalungile nganoma yisiphi isizathu.

All children have these rights, no matter who they are, who their parents or families are and what they believe or do. No child should be treated unfairly for any reason.

- 1.** Ingane yinoma yimuphi umuntu oneminyaka yobudala engaphansi kweyi-18.
A child is any person under the age of 18.


- 2.** Lapho abantu abadala benza izinqumo, kufanele bacabange indlela izinqumo zabo ezizozithinta ngayo izingane futhi benze lokho okuyozuzisa izingane.
When adults make decisions, they should think about how their decisions will affect children and do what is best for children.


- 3.** Lapho izingane zizalwa, kumele zibhaliswe futhi zinikwe igama eliqashelwa uhulumeni ngokusemthethweni.
When children are born, they must be registered and given a name that is officially recognised by the government.


- 4.** Lapho kungenzeka, izingane akufanele zihlukaniswe nabazali bazo ngaphandle uma zinganakekelwe ngendlela efanele. Kufanele zibazi abazali bazo futhi zinakekelwe yibo.
Whenever possible, children should not be separated from their parents unless they are not looked after properly. They should know their parents and be looked after by them.


- 5.** Ohulumeni kumele baqiniseke ukuthi ingane ngayinye iyavikelwa futhi inakekelwa ngabazali bayo noma abantu abanegunya lokukwenza.
Governments must make sure that every child is protected and looked after by their parents or responsible people.


- 6.** Ingane ngayinye inelungelo lokugcinwa kwemfihlo yayo.
Every child has the right to privacy.


- 7.** Ingane ngayinye ephila nokukhubazeka kufanele ithole ukuphila okuhle kakhulu kangangokunokwenzeka emphakathini.
Every child with a disability should be able to enjoy the best possible life in society.


- 8.** Ingane ngayinye inelungelo lokuthola imfundo.
Every child has the right to an education.


- 9.** Izingane zinelungelo lokusebenzisa ulimi lwazo, isiko-mpilo nenkolo yazo.
Children have the right to use their own language, culture and religion.


- 10.** Ingane ngayinye inelungelo lokuphumula, ukukhululeka nokudlala.
Every child has the right to rest, relax and play.


- 11.** Izingane zinelungelo lokuthola ukunakekelwa kwempilo, ukudla okunempilo, izimpahla kanye nendawo yokuhlala ehlanzekile, nephephile.
Children have the right to health care, healthy food, clothing and a clean, safe place to live.


- 12.** Izingane zinelungelo lokuvikelwa kuzo zonke ezinye izinhlobo zokuxhashazwa.
Children have the right to be protected from all kinds of exploitation.





Ukudunwa kukaKhisimusi

Bradley Paulse ■ Imifanekiso nguClyde Beech



Kwasukasukela, edolobheni elincane laseSutherland, abafana ababili abancane okuthiwa uKurt noSandiso baqhamuka nesu elinokusa mayelana noKhisimusi.

Phela, ngonyaka odlule, babeziphathe kahle kakhulu, kodwa okwabamangaza ukuthi, uFather Christmas akabashiyelanga nesisodwa isipho ngaphansi kwesihlahla sikaKhisimusi. Babezimisele ukuthi kube nomehluko kulo nyaka.

"Kurt," kubabaza uSandiso enyuse amashiya, "ayilunganga lento eyenzeka ngonyaka odlule! Saziphatha kahle, satholani-ke ngalokho? Lutho, niki!"

UKurt wavuma ngekhandu, amehlo akhe egcwele ukuganga. "Sandiso, nami ngiyavuma ukuthi kumele senze okuthile ngalokhu kungalungi!"

Ngakho, laba bafana ababili baqala umkhankaso. Babenekhono ekwakheni izinto futhi babakhe imishini kagesi yesimanje engavamile egalaji likababa kaKurt. Umshini oyinqaba kunayo yonke kwakunguzibuthe omkhulu, onamandla!

"Ah, Sandiso, lento izosebenza! Sizosebenzisa uzibuthe wethu ukubamba uFather Christmas, futhi kuzodingeka achaze ukuthi kungani singatholanga izipho ngonyaka odlule!" kusho uKurt, amehlo akhe evuleka yinjabulo.

NgobuSuku bangaphambi kukaKhisimusi, laba bafana ababili babeka uzibuthe wabo onamandla egcekeni elingaphambili lakubo kaSandiso. Base begibela ophahleni ukuze bagade uFather Christmas. Ngamunye wabo waphatha isibhamu esineglu, benzela uma kudingeka banameke uFather Christmas endaweni ethile. Abafana babezimisele ukumbuzisa ngezindlela zakhe ezingenabulungisa.



Esibhakabhakeni sobusuku obumnyama bhuqe, babona inhlanga elikozayo. Yaya iba nkulu nakakhulu, futhi yalokhu isondela. "Nanguya!" kuhleba uSandiso evule amehlo ngokumangala.

Abafana bakhomba lento eyayiza ngozibuthe wabo. Kodwa lento yayibukeka ingafani nezithombe zenqola kaFather Christmas ababezibonile. Empeleni, yayibukeka njengeloli elikhulakazi elibomvu elinesosa elikhulu ophahleni.

UKurt wafifiyela futhi wanwaya ikhanda lakhe. "Yinqola kaFather Christmas leyana? Kwenzekani la?"

Uzibuthe wadonsa lento ebomvu yasondela yaze yazoma egcekeni ngezansi nje kophahla abafana abagibele kulo. Imilenze ithuthumela, behla ophahleni futhi bachwechwa besondela elolini. Isosa elisophahleni lalibukeka njengomkhumbimkhathi. Njengoba abafana belunguza ngaphakathi phambili elolini, amehlo abo avuleka kakhulu ngenxa yokungakholwa. UFather Christmas nopopayi bakhe babefaswe ngamanethi. Babezabalaza futhi bebinyeka bezama ukuzikhulula kuyilapho izidalwa ezimbili ezincane zasemkhathini zimi kubhonethi yeloli futhi zibagqolozele ngewindi.

"Kughubekani lapha?" kusho uSandiso.

Njengoba izidalwa zasemkhathini ziphenduka zibabuka, uKurt noSandiso bazikhomba ngezibhamu zabo ezineglu. "Zasha!" UKurt wamemeza njengoba ayepitshiza isibhamu sakhe seglu, ededela isikhukhula seglu enamathelayo eyenza lezi zidalwa zandiza futhi zayonamathela esoseni elikhulu ophahleni lweloli.

UKurt noSandiso base bemkhulula uFather Christmas nopopayi bakhe kumanethi. USandiso wabuza, "Kwenzekani lapha, Father Christmas?"

UFather Christmas wabonga kakhulu ngokukhululwa kumanethi. Waphulula umkhaba wakhe omkhulu futhi wahleka kwavela elomsini. "Phela, laba baduni bavela kuMars. Unyaka owodwa kuMars ucishe ube yiminyaka emibili ngobude kunonyaka walapha eMhlabeni. Le genge inqume ukuthi yona ngeke iwulinde owayo uKhisimusi ukuthi ufike futhi ngenxa yalokho ibilokhu intshontsha izipho lapha eMhlabeni ngesikhathi sikaKhisimusi!"

UKurt noSandiso babukana. "Father Christmas, nathi besicabanga ukuzintshontsha zonke izipho, kodwa ngenxa yokuthi asitholanga lutho ngonyaka odlule," kuvuma uKurt.

UFather Christmas wamamatheka. "Niyazi ukuthi aninakuylungisa into engalungile, ngokwenza into engalungile, akunjalo?" ebuza.

"Siyazi," kuphendula uKurt noSandiso, bebukeka benamahloni.

UFather Christmas nopopayi base bebopha lezi zigangi zakuMars kumkhumbimkhathi wazo. "Hambani la, madoda! Ngokuzayo, lindani owenu uKhisimusi!" UFather Christmas wamemeza njengoba umkhumbimkhathi usuka ngejubane uyoshona esibhakabhakeni sasebusuku.

UFather Christmas waphendukela kuKurt noSandiso emamatheka ngothando. "Bafana bami, namuhla, nibonise umoya kaKhisimusi wangempela. Nimelele okulungile futhi nahlangela wonke umuntu eMhlabeni uKhisimusi."



UKurt noSandiso bavuma ngamandla ngamakhanda. "Kodwa-ke Father Christmas, yini esingayenza okulungisa isimo ukuze sizwane nawe? Asifuni ukuba phakathi kwabantu okuthiwa bayizigangi."

UFather Christmas wahleka kancane futhi wabaphulula emhlangane bobabili. "Ningathanda yini ukuba ngonogada besikhashana bakaFather Christmas? Phela, akuzona nje izidalwa zakuMars kuphela ezizama ukuntshontsha izipho. Ngosizo lwemishini yenu yesimanje nesibindi senu, ningaba usizo olukhulu!"

Ameblo kaKurt noSandiso aqhakaza. "Kungaba mnandi kakhulu! Singathanda ukukusiza ukugcina uKhisimusi uphephile!"

Ngakho, kusukela ngalolo suku kuqhubeka, uKurt noSandiso baba yithimba lonogada likaFather Christmas elithenjwe.

Yenza indaba ihlabane umxhwele!

- ★ Wake wazizwa izindaba ngoFather Christmas? Ucabangani ngomqondo womuntu osethela abantu izipho ngobuSuku bangaphambi kukaKhisimusi?
- ★ Emifanekisweni, uFather Christmas ugqoke izimpahla zasebusika namabhuzu. Dweba uFather Christmas egqoke izimpahla ezihambelana nesimo sethu sezulu esishisayo sasehlobo.

- ★ Ucabanga ukuthi izidalwa zasemkhathini zibukeka kanjani? Sebenzisa ubumba, inhlanga yokudlala, izindwangu ezithile, iwulu nanoma yini efanelekayo ukuze wenze opopayi balokho ocabanga ukuthi izidalwa zasemkhathini zibukeka beyikho.



Drive your
inagination



The Christmas heist

By Bradley Paulse ■ Illustrations by Clyde Beech

Story corner



Once upon a time, in the quiet little town of Sutherland, two young boys named Kurt and Sandiso came up with a mischievous plan for Christmas.

You see, the previous year, they had been very good, but to their shock and dismay, Father Christmas had not left a single present for them under the Christmas tree. They were determined that this year would be different.

"Kurt," Sandiso exclaimed with a furrowed brow, "what happened last year, just isn't right! We were good, and what did we get? Nothing, *lutho, niks!*"

Kurt nodded, his eyes gleaming with mischief. "Sandiso, I reckon we ought to do something about this injustice!"

And so, the two young boys set out on a mission. They were very good at building things and had built the most extraordinary gadgets in Kurt's dad's workshop. The most peculiar contraption of all was a huge, powerful magnet!

"Ah, Sandiso, this will do the trick! We'll use our magnet to catch Father Christmas, and he will have to explain why we didn't receive any presents last year!" Kurt said, his eyes wide with excitement.

On Christmas Eve, the two boys placed their powerful magnet in Sandiso's front yard. Then they climbed onto the roof to keep an eye out for Father Christmas. They each held a glue gun, in case they needed to glue Father Christmas to the spot. The boys were determined to question him about his unfair ways.



In the inky night sky, a twinkling dot caught their attention. It grew bigger and bigger and came closer and closer. "There he is!" Sandiso whispered with wide-eyed wonder.

The boys' magnet was aimed at the approaching object. But the object did not look like the pictures they'd seen of Father Christmas's sleigh. In fact, it looked more like a massive red truck with a huge saucer attached to the roof.

Kurt squinted and scratched his head. "Is that Father Christmas's sleigh? What's going on?"

The magnet drew the red object closer until it came to rest in the yard just below the boys' rooftop perch. With trembling legs, they climbed down from the roof and tiptoed closer to the truck. The saucer on the roof looked like a spaceship. And as the boys peered inside the front of the truck, their eyes widened in disbelief. Father Christmas and his elves were trapped in nets. They were struggling and squirming to get free while two little aliens stood on the truck's bonnet and glared at them through the windscreen.

"What in the world is going on?" Sandiso muttered.

As the aliens turned to look at them, Kurt and Sandiso aimed their glue guns. "Take that!" Kurt shouted as he squeezed his glue gun, unleashing a flood of sticky glue that sent the aliens flying and glued them to the big saucer on top of the truck.

Then Kurt and Sandiso freed Father Christmas and his elves from the nets. Sandiso asked, "What's going on here, Father Christmas?"

Father Christmas was very grateful to be free from the nets. He patted his big round belly and let out a hearty chuckle. "Well, these hijackers are from Mars. A year on Mars is almost twice as long as a year on Earth. These fellows decided that they could not wait for *their* Christmas to come around and have therefore been stealing the presents from Earth at Christmas time!"

Kurt and Sandiso exchanged glances. "Father Christmas, we were thinking of stealing all the presents too, but only because we received nothing last year," Kurt confessed.

Father Christmas smiled. "You know that you can't fix what's wrong, by doing something wrong, don't you?" he asked.

"We know," replied Kurt and Sandiso, looking a bit sheepish.

Then Father Christmas and the elves bundled the troublemakers from Mars into their spaceship. "Off you go, fellas! And next time, wait for your own Christmas!" Father Christmas shouted as the spaceship zoomed away into the night sky.

Father Christmas turned to Kurt and Sandiso with a warm smile. "You know, boys, you've shown true Christmas spirit today. You stood up for what's right and saved Christmas for everyone on Earth."



Kurt and Sandiso nodded vigorously. "But Father Christmas, what can we do to make things right with you? We don't want to be on the naughty list."

Father Christmas grinned and patted them both on the back. "How would you like to be part-time security for Father Christmas? It's not only the Martians who try to steal the presents, you know. With your gadgets and bravery, you'd be a big help!"

Kurt and Sandiso's eyes lit up. "That would be amazing! We'd love to help you keep Christmas safe!"

And so, from that day forward, Kurt and Sandiso became Father Christmas's trusted security team.

Get story active!

- ★ Have you heard stories about Father Christmas? What do you think about the idea of someone bringing gifts to people on Christmas Eve?
- ★ In the illustrations, Father Christmas is wearing winter clothes and boots. Draw Father Christmas wearing clothes to suit our hot summer weather.

- ★ What do think aliens look like? Use clay, play dough, bits of material, wool and any suitable material to make models of what you think aliens look like.



Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Nal'ibali fun



1.

USuku Lwezingane Lukazwelonke lungoMgqibelo wokuqala kuLwezi unyaka ngamunye. Funda ngalokho ezinye zezingane zeNal'ibali ezithi kuyilungelo elibalulekile kuzo. Bese ubhala phansi ukuthi yimaphi amalungelo ezingane abalulekile kuwe emicwini yephepha. Bhala into eyodwa emucwini ngamunye.

National Children's Day is on the first Saturday of November each year. Read what some of the Nal'ibali children say is an important children's right for them. Then write down which rights of children are important to you on strips of paper. Write one thing on each strip.

Ingane ngayinye idinga ...

Every child needs ...



Ingane ngayinye idinga ukudla okunempilo.
Every child needs healthy food.



Ingane ngayinye idinga izincwadi zokufunda.
Every child needs books to read.




Ingane ngayinye idinga indawo ephephile yokudlala.
Every child needs a safe place to play.




Ingane ngayinye idinga imfundo.
Every child needs an education.

2.

a) Zonke izingane zidinga izinto ezisesithombeni. Faka inombolo ezithombeni kusukela ku-1 ukuya ku-5 lapho u-1 esho into oyithanda kakhulu kanti u-5 esho into engabalulekile kakhulu kuwe.



b) Sifake umbala isithombe.
a) All children need the things in the picture. Number the pictures from 1 to 5 where 1 is what you love the most and 5 is less important to you.
b) Colour in the picture.



Sizothatha ikhefu kuze kube uNhlolanja 2025. Sijoyine ngaleso sikhathi ukuze uthole okufundwayo okwengeziwe okuhlubahlosile kweNal'ibali!

Okwamanje, vakashela ku-www.nalibali.org ukuze uthole ezinye izindaba kanye nokukuvusa usinga kokufundela ukuzithokozisa.

We will be taking a break until February 2025. Join us then for more Nal'ibali reading magic!

In the meantime, visit www.nalibali.org to find stories and reading-for-enjoyment inspiration.

UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:
Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

- TheNalibaliChannel
- nalibaliSA
- @nalibaliSA
- @nalibalisa
- nalibalisa
- The Nal'ibali Trust
- +27 64 801 5496
- @nalibalisa

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekola Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.



Drive your imagination

